

### Abanjwa esatshisa amasela.

Amapolisa ase Vrede, O.F.S., abamba amasela abe eseze afinyelela kona esuka lapa e Dundee e Natal. Wati uba afike kona u Lotter, isela, amapolisa kawaze akolwa ukuti bala izinkabi lezi ezilishumi nambili zingezake, ambamba, ati esaqeda kumbamba kwafika ucingo oluzitsho zonke ngemibala engeyazo, abe ase ayamqinisa, asehlezi manje ehloimele ukulandwa kwake nabangane bako.

### Izimbezela Emgungundhlovu.

Abanikazi zindhlu ngabezihlakanipela izimbezela zabelungu ziningi sezikete lezo zitladi ezingenabani ukuba zebe zinxibe. Omunye kubo uyakupata ikofipot, nesaka nezinye izitsha. Uma kufike kukulume owesifazane endhlini lapa engqongozoza emnyango, uyakuzifisa answininize ecela ukusebenza engadini noma kwenye indawo. Into ehle ukubiza ipolisa lizobamba lowo muntu ngezwi lokuti uyandinda. Futike kwetembeka ukuti loko kuyakunqanyulwa ukuba kuxinwe ngamapolisa agqoke izingubo ezingesizo zobupolisa. Singeze sakumela ukuba kume umkuba wokunxiba lapa kulonze ukwandulela ukweba ngokubhoboza izindhlu—pakati kwetu. *Witness.*

### Ezase Swazini.

(Eyomihaleli wetu.)

Umhlaba, oyinsila ka Mswazi (abar.ingi bayakumazi lomuntu, rgulo owayekade etunywa ngu Mbandeni ku Somtseu e Natal, inxusa lika Mbandeni); lomuntu mukulu, yinkosana impela, unabantu abaningi, isizwe sake sigcine ngomncele wase Transvaal. Umhlaba (nyakenye 1891) wabizwa yinkosi Indhlovukazi, ebizelwa icala, kuxabene abantu abapetwe uye, yati inkosi meze kuzekutetwa lendaba ipele, wala; yahluleka Indhlovukazi yati kabizwe u Mr. Shepstone, kumbe uti yena uzakubulawa; wala nakuye u Mhlakuvana, wati ukwenza wabaleka weqa isikonkwane. Bamyeka abakwa Ngwane, batula wazihlalela; waze wazibuyela emizini yake, batula nje, Indhlovukazi yalilungisa lelo cala lalabo bantu ababebanga abapetwe uye u Mhlaba. Kute ngalenyanga efile (Sept. 23), seizakufa nje, u Mhlaba wakipa amajaha a 30 waya kucita imizi emibili, yatumba konke yatshisa nemizi leyo, zasinda izinkomo ngokubaleka. Kwabikwa ku Ndhlovukazi. Mamo! Indhlovukazi ayatukutela, yafa! "Aihlome Injelu no Nobamba iyekumbona ukuba ungakanani, ukuba angeye ngiyinkosi lesi sikati." Zala izinduna, "Au, nkosi, akubikelwe u Mhlakuvana." U Mr. Shepstone wayenqaba impi, wati, "ayihlale, Mama: izwe lingonakala, abantu bangeqa isikonkwane, kutiwe sesitele ufala, kube licala elikulu. Kuzakuya mina kuye." Watsho njalo u Mhlakuvana. Bala sivala kona nje, sibuya naye, usetlongweni nje, alikatetwa icala lake. Watlakala ngoba kuvaliwe ngenxa yofala, abezakumbulala amaBhunu. Wazinikela wati, "Kulungile ngifele koka Somtseu; bengingayikuvuma kwabakwa Ngwane, bebomane bangibulale."

Au, yeka lomuntu! uyinkosi, manje selesibotshwa, ngokwona ngabomu nje. Ubukulu buyalalisa, selekohle umbuso wakubo wokubulala. Icala lake linzima kakulu, livuse nokunye akwenza, abakwaziyo bona.

### Ugqainyanga.

KUSA KUSA, mziwakwetu; engikufumana kukona namhla kwabe kunzoko ngeminyaka eyadhlulayo. Kasikwazi lapa kwiti ukuba kwenziwe loku okubonakala lapaya kwolunye uhlangoti lwepepa—ukuba kumenyenzelwe ukuhlolwa kowotitsha kubikwa ezinsizweni nase zintombini ezitandu ukuzizuzela izinewadi zakomkulu zokuti zinamandla okufundisa.

Kukona abahlezi bepakeme izinembe ngoba bengenazo lezi zinewadi, ati angafika kona umhloli afike ancinezise kube nje, anikine ikanda adhle isilevu sake, ngoba emana insumansumane engabani nanhloko nanisila wokufundisa kwalabo, aze ageme ngokuti "uma ngifika kunje ngonyaka ozayo ngosicita isikole sasekutini"; atatazele abambi eyeka kuko konke.

Ngiti-ke mina kulabo abanjalo abasukume pansi batate izinewadi zabo bafune okuyikona beyakubizwa kuko bakufunde baze bayekungena kuloko kuhlolwa.

Ngiti nakoni-ke, zinsizwa zase Manzintoti Seminary, kungani ngo December, myanga isandlalele zonke yeli mfunzisele. Uyakutentshwa ipalishi oyakwahluleka.

Nakoni kinina, zinsizwa zase Edendale, ngo December; senike nawenza unkwazi pambili, oyakwahluleka kayikusidhla isijingi.

Mina angisenanhliziyo yokuba ngibe ngumenzanyana wabantwana ngangiba ngiyakubizwa pakati. Po into sengiqonde kona ukuba ngifunde kwabahlakanipileyo nabadala oku ikona kufanele tina, ngibuye ngilandise abanye abaleutwana.

Amazwi engiwafunde kwelinye ipepa lalapa Emgungundhlovu angetuse kwaxega amadolo. Ngibhala nje nanamhla angikazizwa. Uti lowo mfo:—abanikazi zindhlu mabaxwaye imikandumba yabelungwana asebepepeke babazigogo zokweba nokupanza; ngoba lemikandumba iyakusuka iyekufuna ukwenza bona ububi ngokuzitshaya efuna inisobenzi.

Uti lowo mfo, "Iyakuti inxa ifika izwe izwi lowesifazane ependula, iyakuzikalisa, izifise ikulume ngezwana elibanga umunyu; kanti ilapa sekuvela okubi."

Ngitokoza ngoba lendaba ikulunywa umuntu ongenamacebo. Ngimbona ngokuba akulume angabuyi nganeno ngabantu ababi napezu koba bengabakubo. Ngite uba ngikufunde loku mina ngadagala, ngabuya ngajabha futi, akwangifikisela nansini yokuti, "ishishi-ke loku kade beti itina amavila yini-ke yona leyo na?" Qa! Futi akuyanga nangoba ngiti O! ngafa kudabuka ngoba abelungu, qa!

Into engiqandul'inhloko eyokuba kuti lapa ngisetuswe inihloko yokuba ngizwa u Mr. W. Tshangana wase Bethany, Acton Homes, exoxa eyezwe ukufa, ngoba nanka amankentshane aseprungwa ngezitebe, abe u Rulumeni ewavikela ngokuti akungabulawa luto lapa kwelake. Ngabuye ngezwa eminye inihloko yase Ntsikeni, Emzimkulu, lapa adhla kona abantu; ngabuya ngezwa izinkawu zenqenise abantu ngokudhla kwabo, kwangidabula konke loko.

Kodwa mina ngati ukusuka ngati qa, siyabakalela abakiti bona bepakati kwezilwane, sekuba kujabula tina tina sipansi komsila wengwe loku sisetawini lapa singa kweziwe namteto wodwa, kodwa kubuye kube kona amavila as'alusa silele bala umlenze, umuntu wase tawini wantsondo, alale awuponse pezulu—azi ukuti ukwelika "kala 'nkomo ungasayikuya 'ndawo"—kanti ngikalela abantu abase-ngozini encane kuneyetu.

Eyetu ingozi inkulu ngoba esinako akuzikuntjwa zilwanyane zasendhle. Hau, siko sipi! loku umlungu ngokuba nesikumba esimhlope usengu "tula-sizwe." Po loku nomteto asize singawufumana usivikela kakulu kubo, namhla sebeduduke izilwane loku asetemi luto kuwo; kabuzwa pasi, "inkosi yakwangiyeka nje."

Indaba enginqobayo eyokuba loku pela bezikutali amavila ku itina, baze babuye babe ngamankentshane njena loko kukutala kwabo kusuke sekutshone ngapi! Umuntu ohlutshwa amankentshane ufisa tina, kanti qa, kwanani kwake yena ekwazi nokubiza izibopo zokuwabopa abaleke. Tina akunjalo. Imigodi yawo ipakati kwetu.

### IZINCWADI.

Umhleli kavumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MHLELI.—Ngicela indawana ungifakele izwana lami lobulima bami.

Abakiti abakuluma ngo Zibuse njalonjalo baswele izindaba yini; bayingene ngani indaba yabamhlope, loku baziqalela bona ababikelanga muntu omnyama abammemanga futi. Indaba yabo bodwana, abakiti abatule babheke okuzakwenziwa noma kuzakuba kuhle kulungile, noma kuzakuba kubi; singabanqanda yini kambe? Bakiti bayekeni: nesabani nina, bakiti uma abelungu bakiti e Natal bezibusela: konje niti nesaba ubuqili, ovimbile manjena ubani? Hau, bakiti, seniti bayakusipata ngokulokuni yini? sebebumile yini bona embusweni ka Kwini? Abapumile.—bakulile njengendodana kuvise ivazipatela, kanti ayipumile kuvise izipatele umuzi wayo nayo.

Angiveke amade. Hau, bakiti, nisolani, nazini nina? Mina ngiyabona, kulungile kufanele, i Natal ingumuzi ikulile nayo. O Cape Colony bona abazipete na, konakeleni na? O Free State no Transvaal abazipete ngempato yabo, konakeleni na? Abasi baka Kwini bona, sehemukile ku Kwini na? Mina ngibuka ukuti kubafanele abase Natal ukuba bazibusele: kuzakuvela okuhle uma bengasitshelwa; nabo bayahluleka ukucela imteto petshewa, bepuza ukuyenzelwa kuze kubapunyuke ababekufuna, baze badangale ngaku ukucela. Mina ngicetamba, bosipata kahle; nemikuba yoba ngefanayo. Senibanika ububi, benzeni embi kuni na? Nabo bayasonga ukuti sizakubasiza abamnyama, sizakubafukula abone no Kwini osonza abantwana kanti se-sikulile. U Kwini ukude, uma ebebakikre

ukuzibusela nizakubona imisebenzi ihamba, ingafani nocelwayo. Mina ngiyabonga u Zibuse, akuko engikusolayo, ngoba u Kwini ekona pakati kwetu. Bangingi abasibuzelayo. Musani ukwesiba umnyama ongenafu.

Owako

J. H. GAMA.

E Swazini, Oct. 24, 1892.

Akuqiniso.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MHLELI.—I Mercury ayitsho qiniso ngokuti indodana yomfi u Langalibalele ibotshwe ngokweba, aku yona, umuntu ofike ngokulelwa yintombi kona, kasiye futi walapa emaHlutshini lowo muntu owase Mgeni, lapa ekona kubo, akunjalo, abasemaHlutshini abazi luto ngaleyo mpahla yokwebiwa, amanga lavo.

R. RADEBE.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

NKOST.—Ngicela indawo epepeni lako. Abanye abantu bahluleka ngenxa yokuba bezihlupa bona ngokwabo, abanye bahlutshwa okubajiyezile. U Mhlutshwa lo, madoda, uyazihlupa yena ngokwake, uzeka udaba engalwazi, uti uyalwazi nabakubo abafundisiweyo. Waluzwa ngobani, bona labo kini balutshelwa ngubani? Uze ufaka nomuntu wakwa Cele opose watola icala ngoba ete xa ehletshelwa ngunlungu wasesizakala eselobela Inkanyiso; kwavela omunye wabafundisiweyo wabuzwa ukuba isilwane sini-ke lesona, kabuyange awuti nka. Ngiti mina u Mabhulubhense uqinisile ukuba kwakufanele ukuba sitshelwe, ngoba siyindhlu yengeno yakwa 'Native Law.' Uya-bona, kute dukuduku ngalonyaka, 1868, batshelwa abantu ukuba kutiwa mazende zipole ezindala kuzakuvuzwa umteto wokuba izintombi zilotsholwe ngeshumi; namhla futi sekukulunywe ngokuzakwenziwa ukuti indaba yelobolo ayisenakungena enkantolo emva kuka 1893; Inkanyiso besiti yindoda yakiti ezakuya ebandhla ibuye isitshela ezasebandhla, yavelwa pandhle. Nina nabakini labo nayizwa ngobani? Uti ungabe uti uyayazi utsho amaqapunampumulo lawa! Bekusweleke ukuba basitshela bati sifuna ukuba sihlangele nani sizibuse e, sipendule ngeletu. Uyazihlupa, Mhlutshwa.

Owako

NOZIWAWA.

Estcourt.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE.—Ngicela ukuba uvume ngibeke umutshwe ube munye ezwini lika Mr. C. Kunene, ngesiposiso esibhalwe encwadini ye Bible, ngamazwi asanganisayo. Yebo, Mr. Kunene, ubavusa ngakona abantu kulolo luhlumvu, ngoba nembala abanye bayakuduka. Kodwa kulukuni ukubeka isiposiso kubacindezeli ezwini elide kangako; bengizakuvuma ukuba izwi belilincane nje—ngawo endaweni ka e no a kumbe u; ukuba kupambenc amawana anjalo bengiyakutshelwa nami ngivume ukuti loko siposiso sabacindezeli. Ngaloko ngiti mina loku kusiposiso sabo abahlela lencwadi, ngoba impela umcindezeli angcindezele ngapandhle kwokuba kubhekisise akuhlanganisayo, noma kuse ama proof amade noma sekuse presini.

Kufana nalo feli gama elikulu eliti "u Tixo," eliloku litandeka kubafundisi, kubelapo utixo lowo engatsho zwi ngobu Nkulunkulu, nalo futi lelo liyadukisa kwabaningi; nakuba kuligama eselaziwa ngabaningi kambe kodwa kwakufanele liyewe lapa sekucindezela incwadi entsha, kufakwe elakiti u "Nkulunkulu," ngoba pela bati ukuyibiza lencwadi ngeyesi Zulu. Kwobonwa nini loko na?

Owako

M. MAGWAZA.

P. M. Burg, October 30, 1892.

(Ku Mhleli we Nkanyiso.)

MNGANE.—Ngikuleka ukuba ungivumele. Ngisapinda futi kuwe Mhleli wenyanga Qayinyanga. Umuntu ongalandela umntu owake wemba isambane, futi owake walandela uvukuzane, wenzelani pela wena ukungitela ngamasi njengesela? Wakuluma qede ngati lapa ngikukuzayo wati ngiyididwa, uloba ungabusabheka, pepa-ke, mngane, uma kuyimi engati Amabhusumanyana amehlwana izibukwana. Ngangiti ngikwetula emakanda e yihlo. Nami angitandi ukutyaya inyoka ngingaliboni ikanda layo.

Qainyanga, izwi lako lokuti ngingufakazi waso ngemisheshelengwana yezihlebi e Mazintoti lizi. Ekufundeni kwami kona uma ngikutvela iqiniso sasihlezi kahle, kako owayehlezi ngabanye ngisekona! ngabengiyavuma ukuba utyo manje ngingaseko, impela tula uyabetula ukuluma indaba ongayaziyo, Kwahlalwa ngoba? ehlalwa ubani? noma ngiyididwa, uwe i Didwa, wena ungene nje ungabuzisile nakulowo owakutvelayo. Futi ngati kuluma izindaba zezinkwa zalapo kini ezingavutwa, nezabafazi abati bangagula bahise amazwi. Angibavikeli kodwa, ngiti indoda kuhle ityela abantu iqiniso, uma iswele izindaba itule ingangeni ngenhlababa pakati kwabantu, bebengencala. Sala kahle, mfana wakwetu.

Yimi

A. MNTYALI.

Impolweni, Albert, Oct. 14, 1892.

### Isigcwelegcwele.

Hau, madoda! litwese ihlobo sokufakaza mikhulane: umuntu ebezwa bekwehlela eudlini angati babhuma igudu. Sekwabulukana ubusika nehlobo, utuli umuntu angati kutsha isikota emhloboqweni. Ngelinye ilanga ngati ngiba uba wasu-ctulile isigcwele sami sapepuka, ngatabela emva kwaso, umuntu wabona ukuba konakete.